

# IMIBONO KA WILLIAM BRANHAM

 Leteyipu yenzelwa uMbuso kaNkulunkulu, njengoba ngiyethula kuMfowethu Lee Vayle ukuba ibe yincwadi eyibhuku engakacindezelwa. UMfowethu Vayle ungcilile, lapha phambi kwakhe uMfowethu Mercier, uku—ukunikeza eminye yemibono yakuqala. Kusobala, imibono wawu. . . Ngi. . . i. . . Enye yezinto zokuqala engingayikhumbula, yimibono, ifika. Imibono ifika ngaso sonke isikhathi. Kodwa emva kokuphenduka kwami yilapho engicabanga ukuthi waba nesasasa khona, Mfowethu Vayle.

<sup>2</sup> Awu, ngiyakhumbula, emva kokuba sengigcotshiwe ebandleni, ibandla lamaBaptisti, nguDr. Roy Davis, lapha eMgwaqeni uWatt eJeffersonville, lapho ibandla lalikhona ngalesosikhathi. Ngiyawukhumbula umbono owodwa ogqamile, kungakabi ngaphezu kwamaviki ambalwa emva kokwami. . . cishe i. . . Ngingathi, ezinsukwini ezimbalwa emva kokugcotshwa kwami. Ngangi. . . ngabona umbono wendoda endala eyayilele esibhedlela, eyayifihlizekile. Yayiyindoda yekhaladi. Futhi yaphiliswa ngaso lesosikhathi, ngangokuthi, kwabangela okuningi kakhulu ukudideka. Futhi yasukuma yaphuma embhedeni yase isuka ihamba.

<sup>3</sup> Futhi izinsuku ezimbili, cishe izinsuku ezimbili, emva kwalokho, nganginqamula imisebenzi, yezinsuku ezingakhokhelwe eNew Albany, amanzi, negesi, ne—nezikweletu zikagesi. Futhi ku. . . Ngangigcwala kakhulu injabulo! Ngaso sonke isikhathi uma ngithola indlu endala, ngangivele nje ngingene bese ngikhuleka, niyazi, lapho okwakungahlali—muntu khona.

<sup>4</sup> Futhi ngiyakhumbula ngixoxela uMnu. Johnny Potts, osaphila namhlanje. Usondele impela, ngiqagele, eminyakeni engamashumi ayisikhombisa noma engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Wayengumthathi wamamitha omdala. Futhi base bemsusile ngaleyonkathi, futhi bambeka edeskini, ukuba athathe izikhalo nezinto, uma ungena emnyango, nezingcingo zokubizelwa emsebenzini. Futhi ngangimxoxela ngalokho iNkosi eyayingibonise khona. Futhi wayekade, kanye ngasikhathi, ecosha amamitha adukileyo indoda ejwayele eyayingawatholanga. Futhi kulokhu, wa—wayexoxa, indoda. . .

<sup>5</sup> Okungukuthi, ngangibonile ephepheni, lapho ababekade benenqola endala. . . Ngalezozinsuku, beshayela amahhashi amabili, futhi babutha udoti nemfucumfucu, emihubheni. Kwakukhona indoda endala eyikhaladi egama linguMnu. Edward J. Merrell. Wayehlala eMgwaqeni uClark onguten-

hundred-end-twenti eNew Albany. Futhi wayekade eshayiswe ngabelungu ababili, okwakuyintombazane no—nomfana, egibele imoto. Futhi wehluleka ukuyibamba imoto, futhi yamfihlizela esondweni lenqola. Futhi nje yamephula onke amathambo emzimbeni wakhe, cishe, futhi zaqhaqha isifuba sakhe sahlukana, ikakhulukazi. Kwashayeka umhlane wakhe wagudluka endaweni. Futhi bamyisa esibhedlela, esemubi kabi.

<sup>6</sup> Futhi uMnu. Potts, edlula e—esibhedlela e lapho eNew Albany, wayemxoxele lokho mayelana neNkosi isebenza ngami. Futhi wathumela ukuba ngifike, ngimkhulekele. Futhi masinyane, ngacabanga, “Yiyo leyondoda engiyibone kulombono.”

<sup>7</sup> Ngakho, nga—ngathi ukwesaba kancane ukuba ngihambe, ngoba lowo kwakungomunye weyami yokuqala, niyabo, ukuba ngihambe kanjalo. Ngakho, kodwa, nokho, ngahamba ngase ngithatha ubhuti wami, owayesanda kuphenduka nje, umfana omncane oyiFulentshi othiwa nguGeorge DeArk. Futhi ngangisanda kumholela kuKristu nje. Futhi senyuka. Ngase ngithi, “Manje, Mfowethu George, ngi—ngi—ngifuna ukhumbule. Lezizinto ezenzeka kimi, angiziqondi. Kodwa, ukhumbule, lendoda izophiliswa. Futhi uma isiphilisiwe, kukhona i . . . Angikwazi ukuyikhulekela kuze kufike abelungu ababili futhi ame ngakolunye uhlangothi lombhede, ngoba ngifanele ngikwenze ngendlela engakukhonjiswa ngayo.”

<sup>8</sup> Futhi ngangena e—esibhedlela futhi ngacela uMnu. Merrell. Futhi ngaya lapho, nomkakhe wangitshela ukuthi wayebambeke kakhulu. Futhi wayengakwazi ukunyakaza ngenxa yomshini we-eksreyi obonakalisa ingaphakathi lomzimba wawubonakalise ukuthi amanye alamathambo ayebekeke ngqo eduze kwephaphu. Futhi uma wayenyakazile, ngani, kwakuzovele, kungahle kuphantshise amaphaphu akhe futhi kumophise aze afe. Futhi wayekabi kakhulu. Futhi kwakopha kancane emphinjeni wakhe, kanjalonjalo, ngoba wayopha ngasemlonyeni wakhe. Kwase kucishe kube yizinsuku ezimbili elale lapho. Nendoda yayi, ngalesosikhathi, cishe ineminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, ngiyethemba, amashumi ayisithupha noma amashumi ayisithupha-nanhlanu. Indoda esikhulile; amadevu ayo, emade, ayesephenduke amhlophe. Nezinwele zayo zazimpunga.

<sup>9</sup> Futhi ngangena ngase ngitshela lendoda, noma, umbono engangi-wubonile uvela eNkosini. Nabantu abasha bayangena, ababemshayisile. Ngase ngiguqa phansi ukuba ngimkhulekele. Futhi khonamanjalo, lendoda yamemeza kakhulu, ithi, “Sengiphilisiwe,” futhi yagxuma yaya phezulu. Nomkayo, ezama ukuyibamba ayibuyisele emuva, embhedeni. Nomunye weziqaphi uyangena, ezama ukuyibamba embhedeni. Futhi yagxuma yaphuma embhedeni, yabangela okuningi kakhulu

ukujabula ngokwedlulele. Futhi ngenkathi ngiya e...Ngathi kuMfowethu George...

<sup>10</sup> Kwase kuthi-ke umunye wodadewethu, kwakuyisibhedlela samaKatolika, uyangena wayesethi ngizodingeka ngiphume lapho, ngenxa yokwenza leyondoda ijabule ngokwedlulele. Isizathu, yayinemfiva, cishe eyikhulu nane. Futhi into exakayo, ngenkathi beyibuyisela phakathi; u—umpristi, indawo, nabanye bodokotela ababeyibeke kuyo, bayenza yabuyela embhedeni, ngoba yayigqoka izingubo zayo. Futhi ngenkathi bekala izinga layo lokushisa, yayingasashisi.

<sup>11</sup> Manje, baningi abantu abaphilayo namhlanje, ababone umbono, bawubona wenzeka, noma abaziyo ngawo.

<sup>12</sup> Futhi ngaphuma ngama ezitebhisini, futhi ngathi kuMfowethu George, “Manje, bhekisisa. Izobe igqoke ibhantshi elinsundu nesigqoka esinesigaxana. Izohamba yehle ngqo ngalezitebhisi, emizuzwini embalwa.” Futhi ngempela yakwenza. Iphuma ngqo futhi yahamba yehla.

<sup>13</sup> Futhi cishe e—e—ebusuku emva kwalokho, iNkosi yabonakala kimi futhi, ngokunye ukusa, sekuzokusa nje, futhi yangikhombisa owesifazane owayekhubeke kabi kakhulu, owayezophiliswa. Ngakho ngathi, “Awu, mhlawumbe ngizo—ngizothola nje ukuthi ukuphi.”

<sup>14</sup> Futhi ngakho ngehla futhi ngangivala amanye amanzi, phezu kwe, ngikholwa ukuthi kwakukhona, ngaseMgwaqeni uEighth eNew Albany. Futhi ngangine...Ayehlukaniswe kabili, futhi ngangesaba ukuthi ngangivale—macala omabili. Elinye icala, abantu base baphuma; nelinye icala, abantu babekhona. Ngakho ngahamba ngaya ngakwelinye icala elali—linabantu, liyasetshenziswa. Futhi ngangqongqotha emnyango. Futhi babenga—nga—ngabantu abahluphekayo ngempela. Nekhangayo ngempela, intombi iza emnyango, ithe nje ukugqokisa okwesihlupheki. Futhi ya—yathi, “Ubufunani na?”

Ngathi, “Ungawazama amanzi, ubone ukuthi avalekile na?”

<sup>15</sup> Futhi yathi, “Yebo, mnumzane.” Yase ihamba. Yathi, “Qha. Amanzi asekhona.”

Ngathi, “Ngiyabonga.”

<sup>16</sup> Nonina, elele embhedeni, igama lakhe kwakunguNkk. Mary Der Ohanian. Futhi wayengoka-Arminius. Umfana wakhe wayedlala emuva, ngikholwa ukuthi kwakunjalo, esizindeni seNew Albany, ithimu yebhola lezinyawo. Futhi yena, indokazi yakhe, yayisesikoleni esiphakeme. Igama layo kwakunguDorothy. Futhi yathi...uDorothy uthi kimi, “Awusuye lowomuntu kaNkulunkulu owayenalokho kuphilisa lapha esibhedlela, ngolunye usuku na? Umama wami ufisa ukukhuluma nawe.” Ngase ngingena.

17 Futhi wangitshela ukuthi wayelele, ekhubazekile. Futhi wayekade esakhubazeka, embhedeni, iminyaka eyishumi nesikhombisa, selokhu kwazalwa lentombazane. Futhi ngakho intombazane yayineminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala. Futhi ngakho ngamtshela ngalokho... Wathi, “Ngabe nguwe umuntu kaNkulunkulu owaphilisa lowayamuntu na?”

18 Ngathi, “Qhabo, mem. Angisuye umphilisi. Nje—nje ngivele ngikhulekele u—umuntu ogulayo, futhi ngaboniswa yiNto ethize eyangitshela.” Ngangingazi ukuthi ngangingakubiza ngokuthi yini; umbono, noma yini. Ngangingazi ukuthi kwakuyini, namanje. Ngangisengumfana nje, futhi ngiyimpohlo nayo yonke into. Futhi ngakho kwakukhona i... Le—lelinenekazi lazicelela umkhuleko kimi. Ngase ngilitshela, “Ake ngikhuleke, kuqala, futhi kuthi—ke uma iNkosi ingibonise ukuba ngibuye.”

19 Kwase kuthi ngenkathi ngiphuma ngiyokhuleka... Ngathola uMfowethu George. Ngathi, “Lowo yilowo wesifazane ebengi—ngikutshela ukuthi bengikhuleka ngaye. Ngiyazi ukuthi nguwe lowo wesifazane. Hamba nami.”

20 Futhi sakhuphukela lapho uku-ukuyokwenza umkhuleko. Futhi ngakho lentombazane encane eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, kusobala, mina ngisengumfana omncane. Futhi yayinomfowabo, cishe onesithupha, iminyaka eyisishiyagalombili ubudala, into efana naleyo. Futhi kwakukhona isihlahla sikaKhisimuzi, kwakusemva kukaKhisimuzi nje, simi endlini. Futhi babesemva kwalesisihlahla sikaKhisimuzi, ukuba bangihleke. “Ukusindisa unina.” Ngamtshela ukuthi uNkulunkulu wayezomphilisa. Futhi ngi... UMfowethu George nami saguqa ukuba sikhuleke.

21 Futhi ngenkathi ngiqala ukukhuleka, awu, leyoNgelosi engiyibonayo, Leyo eniyibona esithombeni, ngiYibone yengame umbhede. Awu, ngeluleka ngase ngimbamba ngesandla sakhe. Ngathi, “Nkk. Ohanian.” Manje, wakhe eNew Albany njengamanje, yena nomyeni wakhe, umndeni. Futhi ngathi, “Nkk. Ohanian. INkosi uJesu ingithumile, futhi yangitshela ngaphambi kokuza, lokho, ukuba ngikukhulekele, futhi ‘ubuzosindiswa.’ Sukuma ume ngezinyawo zakho, futhi usindisiwe, eGameni likaJesu.” Imilenze yakhe wawufingqene ngaphansi kwakhe. Yena, neBhayibheli lakhe lika-Arminius elibeke enhliziyweni yakhe, waqala ukuya ngasecaleni lombhede. Futhi lapho ekwenza, u... .

22 USathane wase ekhuluma kimi, wathi, “Umdedela afinyelele lapho phansi, uzokwephuka intamo yakhe, esuka kulowombhede ophakeme.” Ngesaba okwesikhashana.

23 Futhi ngangazi njalo ukuthi iyini leyomibono, ngangazingazi ukuthi wawuyini ngalesosikhathi, ukuthi eyayingitshela khona njalo kwakuqinisele. Ngakho ngaqhubeka, noma kanjani, ngamdedela wehla embhedeni. NoNkulunkulu engufakazi

wami, wathi nje angaqala, wagxuma esuka kulowombhede, yomibili imilenze yaqonda. Indodakazi yakhe yakhala kakhulu, idonsa izinwele zayo, igijima iyongena emgwaqeni, imemeza kakhulu ngamandla ayo onke. Omakhelwane beza bevela ndawo zonke. Futhi wayelapho, okokuqala iminyaka eyishumi nesikhombisa, ehambahamba kulelokamelo, edumisa uNkulunkulu. Ngahamba, masinya, ukuba ngisuke kukho.

<sup>24</sup> Kamuva, ngajwayelana nalentombazane, futhi ngahamba nayo. Kusobala, lokhu akufanele ukuba serekhodini, kodwa ngahamba nayo intombi.

<sup>25</sup> Akubanga isikhathi eside emva kwalokho, amaviki ambalwa, ngangisendlini kamama wami, ngokunye ukuhlwa. Futhi ngangikade ngikhuleka, ngalolosuku, futhi nga—ngangingabonakali nje ngiphumelela, eku—eku—ekunqobeni emkhulekweni wami. Futhi ngacabanga, ngavele nje ngahlala bonke. . . niyazi, ngaqhubeka ngaya embhedeni. Ngangisahlala ekhaya, ngalesosikhathi. Futhi ngakho ngahamba ngayongena e—ekamelweni, uku—ukuyokhuleka. Futhi nga. . . kwakuthi akube elokuqala nqo ekuseni, ngiqagele. Futhi nga—ngakhuleka.

<sup>26</sup> Futhi, khonamanjalo, ngabuka. Futhi, umama, wayevamise ukuthatha izingubo zakhe, avele nje azinqwabele esihlalweni, niyazi. Sasingabantu abahluphekayo ngempela. Ngabuka, Into ethize emhlophe iza kimi, futhi ngangicabanga ukuthi ngangibuka lesosihlalo sezingubo. Kodwa kwakuyileyoNgelosi yeNkosi, lelo—leloFu, niyazi. Futhi Kweza ngalapho engangikhona.

<sup>27</sup> Futhi nga—futhi ngangimi ekamelweni, encane, indlu esiyibiza nge “shotgani”, encane, indlu eqondile, inamakamelo amabili. Futhi yayineWaynescoating ebomvu phezulu lapha okodonga, niyabo. Kwakukhona umbhede omncane wensimbi wephosta ngakwesokudla sami. Kwakukhona owesifazane onekhanda elimnyama emi ebhekene ne. . . Ikamelo elilodwa laliphumele ngasekhishini. Wayemi ebhekene nalowomnyango wasekhishini, ekhala izinyembezi. Kwakukhona ubaba owayemi kimi, futhi wayengilethele ingane, ukuthi kwakukhona into ethize eyayikade isesifubeni sayo esincane. Futhi owodwa, umlenze wayo wangakwesokunxele, wawusongene yonke indawo, ngangokuthi wawubekeke phezulu unamathele emzimbeni wayo omncane. Nomlenze wangakwesokudla, uphicene ngokuphambana. Zombili izingalo zisongene, nazo, zinamathele emzimbeni wayo. Nomzimba wayo omncane wawusontekile futhi usongene waze wafika *lapha* impela entanyeni yayo. Futhi ngamangala, “Kusho ukuthini lokhu na?” Futhi ngabuka, ohlezi phansi ngakwesokunxele sami, futhi nakho kuhlezi owesifazane osemdala, ekhumula izibuko zakhe, futhi ezesula izinyembezi noma into ethize ezibukweni zakhe. Ngakwesokudla sami, embhedeni osongwayo

obomvu, owawumeshana nesihlalo, kuhlezi umfana omncane onekhanda elimhloshana enezinwele ezisongene, ebuka phandle ngefasisitela.

<sup>28</sup> Futhi ngabuka, owayemi ngale ngaphezu kwesokudla sami, futhi nakho kumi phakathi. . . leyoNgelosi yeNkosi. Futhi Yathi kimi, “Lengane ingaphila na?”

Futhi ngathi, “Mnumzane, angazi.”

Yathi, “Beka izandla zakho zinqume kuyo. Izophila.”

<sup>29</sup> Futhi nga—ngakwenza. Nengane yayigxume yehla, isuka e. . . iphunyuca ezingalweni zikayise. Nomncane, umlenze wangakwesokudla weluleka, nohlangothi lwangakwesokudla lweluleka, ingalo yangakwesokudla yeluleka. Yaphinda yanyathela, nolunye uhlangothi lweluleka. Yaphinda yanyathela, nolunye uhlangothi luyeluleka, umzimba, ingxenye ephakathi nendawo yeluleka. Futhi yabeka izandla zayo ezincane kwezami, yase ithi, “Mfowethu Branham, sengiphile-saka.” Ingane encane yayigqoke imfolvini el’hlaza-s’bhakabhaka emboze yonke indawo, noma iovaloli, iovaloli encane enebhibhi. Futhi yayinezinwele ezinsundu, nomncane, omncanyana, umlomo omncinyane.

<sup>30</sup> Yase-ke iNgelosi yeNkosi ingitshela ukuthi Yayingiyisa kwenye indawo. Futhi ngathwalwa ngayiswa kude. Futhi yangihlalisa phansi ngasemangcwabeni amadala, futhi yangibonisa izinombolo etsheni lethuna, eduze kwesonto. Futhi Yathi, “Lena kuzoba yindawo yakho yokuyalelwa.”

<sup>31</sup> Yangithwala yayongifaka kwenye indawo. Futhi kwakukhona i. . . kwakubukeka sengathi kwakukade kuyidolobhana, cishe linezitolo ezimbili kulo. Nesisodwa sasinengaphambili eliphuzi, amapulangwe aphuzi ezindongeni. Futhi ngenyukela lapho, noma ngama lapho. Futhi kwakukhona indoda endala iphuma, yembethe ijakhethe eyimfolvini el’hlaza-s’bhakabhaka, noma ijakhethe kadangara el’hlaza-s’bhakabhaka neovaloli el’hlaza-s’bhakabhaka, nekepisi lemfolvini eliphuzi. Yayinamakhulu, amadevu amhlophe.

Yathi, “Izokukhombisa indlela.”

<sup>32</sup> Futhi ngesikhathi esilandelayo sekuthe dwe kimi kukho, engakubonayo ngangihamba ngiyongena ekamelweni, ngilandela intombi ethe ukuba qatha. Futhi lapho ngingena emnyango, izithombe ephapheni zazibomvu. Phezulu phezu komnyango kwakunesayini, “Nkulunkulu busisa ikhaya lethu.” Kukhona omkhulu, omdala, umbhede wephosta yethusi ungakwesokudla sami. Nesitofu esiyisihlephu sihlezi ngakwesokunxele. Futhi ngale ekhoneni, kwakulele intombazane ethi ayicishe ibe neminyaka eyishumi nanhlanu ubudala. Futhi yayikade inovendle noma okuthize, okwakugoqe umlenze wayo wangakwesokudla wenyuka. Nonyawo lwayo lwaphenduka lwabhaka eceleni, futhi lwalugogene ngaphansi.

Futhi i—futhi ibukeka njengomfana. Kuphela, yayinezinwele ezinjengezentombazane, futhi yayine—nezindebe ezimisisise okwenhliziyo njengentombazane.

Futhi Yathi kimi, “Leyontombazane ingahamba na?”

Futhi ngathi, “Mnumzane, angazi.”

<sup>33</sup> Yathi, “Hamba ubeke izandla zakho zinqume esiswini sayo.” Ngase ngicabanga ukuthi kwakungumfana, impela impela, ngoba Yona ithi angibeke izandla zami zinqume esiswini sayo. Ngenza njengoba Yangitshela.

<sup>34</sup> Futhi ngezwa umuntu ethi, “Ayidunyiswe iNkosi.” Futhi ngabheka phezulu. Futhi ngenkathi ngenza, lentombazane yayisukuma. Futhi ngenkathi isukuma, amaphijama eyayiwagqokile, umlenze wayo wephijama uyenyuka, futhi kwakhombisa ngasedolweni njengedolo lentombazane futhi lingesiwo amaphuzuphuzu, niyazi, njengedolo lomfana. Futhi ngazi ukuthi kwakuyintombazane. Futhi yayigqoke amaphijama ayo. Futhi iyafika, iza kimi, ikama izinwele zayo. Inezinwele ezimhloshana, ikama izinwele zayo.

<sup>35</sup> Intombazane yakhe eSalem, namhlanje, ishadile, futhi inabantwana abathathu noma abane. Nonina noyise baselapho, nabo.

<sup>36</sup> Futhi ngakho sekuthe dwe kimi—kimi—kimi. Futhi ngangizwa omunye umuntu ethi, “Mfowethu Branham...” Noma, “Mfowethu Bill! O, Mfowethu Bill!” Nomama wayengibiza. Futhi ngacabanga. Ngezwa oyedwa, njalo nje. Ngiphuma kulowombono, niyazi, ngithe ukuthiyazela. Ngase ngithi, “Ufunani, mama na?” Ekamelweni elilandelayo, lapho ayelele khona.

Futhi wathi, “Kukhona umuntu ongqongqotha emnyango wakho.”

<sup>37</sup> Futhi ngakuzwa, “Mfowethu Bill!” Futhi ngavula umnyango. Kwabakhona indoda engenayo. Igama layo kwakunguJohn Emil. Wakhe eMiami, eFlorida, manje. Futhi wathi, “Mfowethu Bill, awusangikhumbuli.”

Ngathi, “Qhabo. Angikholwa ukuthi ngisakukhumbula.”

<sup>38</sup> Wathi, “Wangibhaphathiza kanye nomndeni wami. Kodwa,” wathi, “Ngathatha indlela engalungile.” Wathi, “Ngabulala umuntu, lapha esikhathini esithize esingaside esedlule. Ngamshaya ngesibhakela, futhi ngamephula intamo, silwa.” Wathi, “Ngishonelwe ngomunye wabafana bami abancane, omdala kunabo bonke.” Futhi wathi, “Omncane kunabo bonke ulele ekhaya, uyafa manje.” Futhi wathi, “Udokotela wedolobha lapha usanda kusuka nje, futhi wathi, ‘Umntwana unenyumoniya ephindiwe.’ Futhi nje kul’khuni kabi ukuba aphefumule.” Futhi wathi, “Ngi—ngi—ngi—ngivele nje... Ufika enhliziyweni yami. Futhi angazi noma ubungeza yini

ube nomkhuleko kanye naye.” Futhi wathi, “Manje, njengoba wazi, ngingumzala kuGraham Snelling.” Okungukuthi, uGraham Snelling, uMfu. Graham Snelling manje, wayengakabi ngumfundisi ngalesosikhathi; umfana ongumKristu onomoya omuhle. Wathi, “Ungumzala wami. Ngiyehla ngiyomlanda.” Owayakhe cishe uhhafu wemayela ukusuka kimi, ezansi edolobheni. Futhi wathi, “Ngiyehla ngiyolanda yena. Futhi wena ungenyuka na?”

Ngathi, “Yebo, Mnu. Emil, masinya uma sengigqoke izingubo zami.”

Futhi ngakho wathi, “Ngizothatha imoto yami, bese ngikuthatha senyuke.”

Ngathi, “Kulungile.”

<sup>39</sup> Wathi, “Masinya uma sengithole uGraham. Futhi ngifuna nonke nikhulekele ingane.”

Ngathi, “Kulungile.”

<sup>40</sup> Ngakho-ke ngase ngihamba ngiyolungiselela. Nomama wathi, “Bekwenzenjani na?”

Ngathi, “Kukhona ingane encane ezophiliswa.”

Futhi ngakho wathi, “Iphiliswe?”

Futhi ngathi, “Yebo, mama.”

Futhi ngakho ngathi, “Ngizokutshela okuningi ngakho uma sengibuya.”

<sup>41</sup> Ngakho emizuzwaneni embalwa, wangqongqotha emnyango, noMfowethu Graham wayenaye. Sasenyuka lapha, ngalokho esikwazi njenge boatyard manje, okwakuyiHoward Shipyard endala ngalesosikhathi. Ngathi, “Mnu. Emil, uya... Sewakhephi manje?”

Wathi, “Ngaphezu kwaseUtica.”

<sup>42</sup> Ngathi, “Uhlala kwencane, indlu esiyibiza nge‘shotgan’, amakamelo amabili amancane.”

“Yebo, mnumzane.”

“Isegqumeni.”

“Yebo, mnumzane,” washo.

<sup>43</sup> Ngathi, “Ipulangwe lakho—lakho elizungeleza ikamelo phansi lapha lenziwe ngemisele esa-limi, futhi lipendwe ngokubomvu.”

Wathi, “Kunjalo.”

<sup>44</sup> Ngathi, “Ingane encane ilele embhedeni wephosta eyinsimbi. Futhi inalo endlini, okungenani, ibhulukwe lemfolvini elil’hlaza-s’bhakabhaka.”

Uthi, “Iligqokile.”



45 Futhi ngathi, “Nengane ingumfo osemncanyana, cishe ineminyaka emithathu ubudala. Kanti futhi inomlomo omncanyana, izindebe ezincanyana eziwucwecwe. Futhi inezinwele ezinsundu ngokuphaphathekile.”

Wathi, “Yiqiniso lelo.”

46 Ngathi, “UNkk. Emil ungowesifazane onekhanda elimnyama. Futhi kulelikamelo, unombhede ogoqwayo obomvu nesihlalo esibomvu.”

Wathi, “Wake waba lapho yini, Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Esikhashaneni nje esedlule.”

“Esikhashaneni esedlule na?” washo.

Ngathi, “Yebo.”

“Ngani,” wathi, “Angizange ngikubone.”

47 Ngathi, “Qhabo. Bekungokomoya.” Ngathi, “Mnu. Emil, uke wangizwa ngixoxa, uma ngikubhaphathiza, ngezinto ezenzeka kimi. Lokho kunga. . . Ngibona izinto ingakenzeki.”

48 Wathi, “Yebo. Ngabe into enjengaleyo yenzeka kuwe, Mfowethu Branham na?”

49 Ngathi, “Yebo. Futhi Mnu. Emil, noma ngabe bekuYini engitshelile, ayikaze ingitshelile amanga. Ingane yakho izophiliswa uma ngifika lapho.”

50 Futhi wamisa imoto, wawela phezu kwesondo, wathi, “Nkulunkulu, ngihawukele. Ngibuyise, O Nkosi.” Niyabo? “Futhi ngiyaKwethembisa, ukuKuphilela, zonke izinsuku zokuphila kwami, uma Uzophilisa impilo yengane yami.” Futhi lapho wanikela inhliziyo yakhe kuKristu. Sangena endlini, sonke sijabule ngokwedlulele ngaye, umphefumulo ubuyiselwa kuKristu.

51 Ngenkathi si—ngenkathi siyongena endlini, nakho kubekwe yonke into ngayo impela nje indlela okwakungayo, kuphela ngowesifazane osemndala owayengekho lapho. Ukujabula ngokwedlulele, ngijabule ngokwedlulele, ngathi, “Nginikezeni ingane.” Nengane isicishe ukungaphili nje. Niyabo? Lokho ku “songeka,” kwakungukuphila sekuphumile enganeni. Kwakusongeka *nje*, umphimbo wayo omncane. Futhi ngathi, “Nginikezeni ingane.” Ngingalindi umbono ukuba ugcwaliseke.

52 Mfowethu Vayle, uma lephedi ibifanele ibe *lapha*, ngeke ngasho lutho leyophedi ize ibekwe lapho. Niyabo? Kuyofanele kube ngayo nje indlela Okwangikhombisa ngayo.

53 Ngakho ngathi, “Nginikezeni ingane.” Nobaba waletha ingane kimi, ngase ngiyikhulekela. Yaya ngokuba yimbi kakhulu. Ngakho ngacabanga, “Manje enye into. . .” Yacishe yalahlekelwa ukuphefumula kwayo, futhi badingeka ukuthi balwe futhi bayinyakazise, nakho konke, bafake ukuphefumula kuyo. Ngacabanga, “Manje, kukhona okungalungile.”

54 Futhi kwenzeka ngacabanga, “Uphi owesifazane osemdala na?” Lokho kwakungakabibikho.

55 Ngakho bathatha ingane yabo, bayilalisa phansi. Babebeke into phansi kwekhala layo, yonke into, futhi ikhala. Umama ememeza kakhulu, sasipoliyane, nakho konke. Kodwa ingane yayisicishe ukungaphefumuli nje—nje.

56 Ngacabanga, “Awu, ngobuthutha bami—bami, ngiwusebenzise ngokungafanele umbono kaNkulunkulu, ngoba angizange ngilinde kuWo, ngenxa yokujabula ngokweqile.”

57 Ngalokhu, ungabona, Mfowethu Vayle, ukuthi kungani ngilinda. Angikhathali ukuthi ubani ongitshelayo. Ngiyakuthanda njengomfowethu. Mfowethu, ungazami neze, ungitshela ukuthi akubekhona engikwenzayo, uma ngi—uma ngizwa ukuthi ngi—nginentando kaNkulunkulu. Uyabo? Akunandaba ukuthi kubukeka kukuhle kanjani ngenye indlela, ngizolindela Yena. Uyabo? Futhi—futhi ngakho nga—ngafunda isifundo khona lapha, eminyakeni eminingi, eminingi, eminingi, eyedlula; nokuthi ngenze khona impela Akushoyo, futhi ngingakwenzi Aze asho ukuthi sekulungele ukuthi kwenziwe.

58 Ingane yayilwa nokuphefumula. Manje, ngangingenakubatshela ukuthi ngangenzi, kodwa ngadingeka ukuba ngilinde nje. Ngacabanga, “Mhlawumbe umusa uzokweqa ngaphezulu, futhi Angithethelele.” Awu, ngahamba, ngahlala phansi.

59 Balwa nempilo yengane kwaze kwasa. Lapho sekuqala ukusa, babecabanga ukuthi ingane yayisingashona noma ngamuphi umzuzu. Awu, ngahlala lapho. Futhi babelokhu ngibuza, “Mfowethu Branham, sifanele senzenjani na?” Noma, “Mfowethu Bill,” babengibiza kanjalo, “sifanele senzenjani na?”

60 Ngathi, “Angazi.” Niyabo? Ngahlala lapho, ikhanda lami libheke phansi, ngithi, “Nkosi, ngisize ungithethelele.”

61 Awu, kwase kusa-ke. UMfowethu Graham Snelling kwakufanele aye emsebenzini. Ngakho uMnu. Emil wayezomthatha, futhi ngangazi ukuthi kwakufanele ngisuke endlini.

62 Futhi, nokho, uMfowethu Graham wayefanele ukuhlala lapho, ngoba unezimhloshana, izinwele ezisongene, njengoba nazi. Wayefanele ukuhlala kulombhede ogoqwayo. Ngakho ngangihlezi lapho lapho uMfowethu Graham wayefanele ukuhlala khona, kodwa owesifazane omdala wayengekho lapho. Futhi akekho owesifazane omdala kuleyondawo. Ngakho ngihlezi lapho. Futhi ngakho uMnu. Emil wembatha ibhantshi lakhe.

63 Ngase ngazi-ke, uma uMfowethu Graham esehambile, kul’khuni ukusho ukuthi uyoze abuye nini. Niyabo? Ngase

ngazi-ke, ngisho noma owesifazane efika, khona-ke uMfowethu Graham ngeke abe lapho. Ngakho niyabona ukuthi hlobo luni lwesimo engangikuso.

<sup>64</sup> Futhi ngakho uMnu. Emil wathi, “Mfowethu Branham, ufuna ukuhamba?” Noma, “Mfowethu Bill, ufuna ukuya ekhaya? Ufuna ngikwehlisele ekhaya?”

<sup>65</sup> Ngathi, “Qhabo, mnumzane. Ngizolinda nje, uma kungakukhathazi.” Ngangikuzonda ukuhlala lapho endlini, ingane nje nomama, mina uqobo, ngoba babengabantu abasebancane. Bona, yena owesilisa, wayeneminyaka ecishe ibe ngamashumi amabili-nanhlanu ubudala, ngiyethemba. Futhi ngangicishe ngibe kuleyominyaka efanayo. Ngathi, “Qhabo. Ngizo nje—ngizolinda nje, uma kungakukhathazi.”

Wathi, “Kulungile, mfowethu, Mfowethu Bill.”

<sup>66</sup> Futhi ngakho umama ehamba phansi endlini, ehayiza, futhi ezama uku... ekhala nayo yonke into, niyazi. Nengane isisesimweni esibi kakhulu nje. Niyabo? Kubukeka sengathi nje, noma ngamuphi umzuzu, ukuthi nje ukubamba umphefumulo wayo, *kanjalo*, ihamba... [UMfowethu Branham wenza imisindo emibili ephansi yokubefuzela—Umhl.] Yilokho kuphela, ukuphefumula kwayo, okwakukuyo. Futhi lutho... Babengenayo umjovo ipenisilini nezinto, ngalezozinsuku, niyabo. Ngakho babevele nje—babevele nje babeke amaplasta phezu kwabo, nezinto ezinjalo. Kodwa ingane encane yayisibe nakho izinsuku eziningana. Futhi yayisishonile, niyabo, noma yayisishona.

<sup>67</sup> Futhi, manje-ke, nga—ngahlala phansi lapho. Ngacabanga, “He, uma uGraham ehamba...” UGraham wembatha ibhantshi lakhe, wase eqala ukuphuma ngomnyango.

<sup>68</sup> Wayesethi kumkakhe, wathi, “Manje, sizobuya, emzuzwini nje.”

<sup>69</sup> Ngacabanga, “O Nkulunkulu, manje-ke ngizofanele ngihlale lapha usuku lonke, futhi mhlawumbe ubusuku bonke, futhi, niyabo, ngilinde lowombono. Ngingenzenjani?”

<sup>70</sup> Futhi ngalunguza phandle ngefastela. Futhi owayeza ejika ngendlu, kuza uqobo wengane. Futhi lapho, ngafunda kamuva, kwakungugogo. Futhi wayefake izibuko. Ngacabanga, “Yikho lokhu, Nkosi, uma—uma uGraham engaphumi nje emnyango.” Ngakho, ufika njalo ngomnyango ongaphambili. Kodwa, ngandlela-thize, abazi ngisho, kuze kube manje, kodwa waya emnyango ongemuva, wangena ekhishini. Futhi wahamba wangena ekhishini, encane, indlu endala. Futhi wafika emnyango, indodakazi yakhe yagijimela lapho yafike yamanga, ngoba kwakuyindodakazi kamama, niyazi, yamanga. Futhi uMfowethu Graham...

Wayesethi, “Ingane isingcono yini?”

71 Yathi, “Mama, iyafa.” Yase iqala ukukhala kakhulu kanjalo, nomama wayo ekhala.

72 Ngase ngicabanga, “Lokhu kuzosebenza nje, futhi uma uGraham engaphumi.”

73 Ngase ngisukuma. Futhi angishongo lutho, niyabo, ukulinda nje. NoMfowethu Graham wathi ukuhambahamba. Ngase ngisukumile ukuze ahlale phansi. Futhi u...Futhi lesi kwakungesinye sesihlobo sakhe, niyabo, ngakho wavele nje waqala ukukhala, naye, wase ehlala phansi embhedeni ogoqwayo lapho ayefanele ngabe uhlezi khona.

74 Ngacabanga, “Manje, uma lesosalukazi sizovele nje size ngapha bese sihlala kulesisihlalo esibomvu!” Ngase ngibuyela emnyango lapho uMnu. Emil ayemi khona, embethe ijazi lakhe, futhi eselungele ukuphuma. Isimo sezulu sibanda ngempela, kumakhaza ngokwesiphepho seqhwa. Futhi ngacabanga... Nesalukazi sahlala phansi kulesisihlalo.

75 NoGraham wahlala phansi, wase efihla ikhanda lakhe phansi. Nomama wengane, wabeka isandla sakhe phezulu emnyango, wase eqala ukukhala izinyembezi. Ngawo impela nje umbono! Nesalukazi sahlala phansi. Futhi esikhundleni sokuba kube yizinyembezi, ngakho konke, ezibukweni zaso; sivela emakhazeni, ayezenze zaba nezinkungu. Sase sifaka isandla ebrifkhesini yaso encane sase sikhapha iduku elincane, ne, noma ujosaka omncane, sase siqala ukwesula lezizibuko. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Mfowethu, kwakuyilokho-ke.

76 Ngathi kuMnu. Emil. Ngathi, “Mnu. Emil, usangethemba njengenceku kaKristu na?”

Wathi, “Impela ngiyakwethemba, Mfowethu Branham.”

77 Ngathi, “Sengingakutshela manje. Ngisuke ngakhuluma ngaphambi kombono, esikhashaneni esedlule, yingakho kungenzekanga. Uma usangethemba, hamba ungilethele ingane yakho.” O, he! Ngiyabona ukuthi kwase kukahle, ngaleyonkathi, niyabo. “Hamba, ungilethele ingane yakho.”

78 Wathi, “Ngizokwenza noma yini ongitshela ukuba ngiyenze, Mfowethu Bill. Bengingeke ngesaba ukuyiqukula.” Isizathu, beyiqukula, yavele yahamba nje, ukuphefumula kwaphuma nya kuyo. Wayiphakamisa ingane encane wayiletha kimi. Weluleka wase eyibeka ezingalweni zakhe, wayiphakamisa wayiletha kimi, wayesema lapho.

79 Ngabeka isandla sami phezu kwayo, ngathi, “Nkosi, thethelela ubuthutha benceku yaKho. Niyabo? Ngikhulume kusengaphambi kombono waKho. Kodwa manje makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu wamazulu nomhlaba.”

80 Akubanga ngaphezu, kokuba sengisho lokho, ingane encane yasho yankonkoshela uyise ngezingalo zayo, iqala ukumemeza

kakhulu futhi ikhala, ithi, “Baba, ngizizwa sengiphilile manje.” Niyabo?

<sup>81</sup> Ngathi, “Mnu. Emil, iyeke kanjalo ingane encane. Kuzoba yizinsuku ezintathu ngaphambi kokuba kuyiyeke, ngoba yanyathela kathathu, isombululeke.”

<sup>82</sup> Ngaya ekhaya. Ngakuxoxa ebandleni lami. Ngathi, “Ngizobuyela.” Lokho kwakungoMsombuluko. Ngathi, “NgoLwesithathu ebusuku, phambi kwebandla, ngenyukela lapho.” Babengabantu abahluphekayo, futhi sabenzela ubhaskidi wegrosa, ukuba siwuyise kubo. Ngakho ngathi, “Ngifuna nihambe nonke, futhi uma ngiya laphaya. Futhi nibuthane ekhaya. Futhi uma ngifika kuleyondawo, ukuya lapho leyondlu ikhona, nibhekisise nibone ukuthi leyongane encane ayizi yini ihamba phansi endlini, inamadevu amancane enziwe *lapha*, lapho kade iphuza khona ubisi olunoshokoledi noma okuthize. Niyabo? Bese ibeka izandla zayo kwezami, bese isho lamazwi, ‘Mfowethu Bill, sengiphila saka.’ Lengane encane enemninyaka emithathu ubudala. Nibhekisise futhi nibone ukuthi akwenzeki yini.”

<sup>83</sup> Umkami manje, uMeda, kusekude kakhulu ukuba sishade, ngakho wayesesigejaneni. Netrakhi egcwele yahamba base bezibeka bona ngasendlini, niyabo, ukungibona ngenkathi ngishayela ngenyuka ngetrakhi endala yeNkampani yezeMisebenzi yoMphakathi engangikade nginayo ekhaya ngalobobusuku. Ngangingenamoto okungeyami. Igcwele itiyela ngemuva, nezinto, niyazi, lapho engangikade ngiyidonsa ngalolosuku, futhi ngilungisa izinto. Ngashayela nqenyuka ngaya ngaphambili, ngama. Ngenyukela egosini; ngangqongqotha emnyango. Futhi babengenabo okhaphethe kwiphansi elincane elidala. Nomama weza ehamba phansi endlini, wathi, “Ngani, nguMfowethu Bill,” kanjalo. Nabantu babebuka emafasteleni, ngalesosikhathi, ukubona ukuthi kwakuzokwenzekani.

<sup>84</sup> Futhi ekhoneni, odlalayo, kwakuyilomfanyana, ngosuku lwesithathu. Ngama, angangathi-vu. Futhi eza, ezihambahambela phansi endlini, wabeka izandla zakhe ezincane kwezami. Eno...Kade ephuza ubisi olunoshokoledi, amadevu akhe amancane, sengathi yiwo, *laphaya*, enziwa wubisi olunoshokoledi. Waphakamisa izandla zakhe wazibeka kwezami, wathi, “Mfowethu Bill, sengiphile saka.” Hhe!

<sup>85</sup> Ngalobo busuku, ebandleni, ngakuxoxa. Ngathi, “Kukhona intombazane ekhubazekile, ndawondawo, edingayo.” Ngathi, “Bandla, angazi ukuthi lezizinto zichaza ukuthini. Ngeke nganitshela.”

<sup>86</sup> Futhi—futhi ngakho ngangisebenza emnyangweni wezeMisebenzi yoMphakathi. Futhi ngiyakhumbula ngolunye usuku, cishe evikini emva kwalokho, ngaqala ukusuka endlini,

ngiphuma. UMnu. Herb Scott, wakhe lapha edolobheni njengamanje, wayengubasi wami. Futhi wathi...Ngaqala ukwehla. Wathi, "Billy?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Ungakahambi, nginencwadi yakho lapha."

Ngathi, "Kulungile, Herbie. Ngizoyithatha emzuzwini."

<sup>87</sup> Futhi—futhi ngakho ngaya ngale ukuyathatha omunye umsebenzi wami, engangiwehlola. Ngakho ngaya ngale ukuyokwenza omunye umsebenzi wami. Futhi ngenkathi ngi—ngikwenza, ngikhumbula leyoncwadi. Ngahamba ngase ngiyithatha, ngayivula. Futhi yayithi, "Mnu. Branham othandekayo," niyabo, yathi, "igama lami nginguNail. NginguNkk. Harold Nail. Sakhe endaweni ethiwa yiNingizimu Boston." Futhi wathi, "SiyiMethodisti, ngokukholwa. Futhi kwenzeka ngafunda incwadi encane owayibhalayo, ethiwa u*Jesu Kristu OnguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*, incwajana encane. Futhi sasinomhlangano womkhuleko endlini yethu, ngobunye ubusuku. Futhi sizwile ngawe unempumelelo, ukhulekela abagulayo." Futhi wathi, "Nginendodakazi ehluphekile, ineminyaka eyishumi nanhlanu ubudala," wathi, "elele embhedeni wokuhlupheka. Futhi ngandlela-thize, nje angikwazi ukukususa engqondweni yami, ukuthi ngifanele ngithole wena uze uzokhulekela lentombazane. Ungasiza ukwenze na? Owakho ngeqiniso, Nkk. Harold Nail. ENingizimu Boston, eIndiana."

Ngathi, "Niyazi, yileiyontombazane. Yileyo."

<sup>88</sup> Ngaya ekhaya, ngatshela umama wami, ngabatshela ngakho. Ngathi, "Yileyo—yileiyontombazane." Kwase kuthi-ke ngalobo busuku, ebandleni, ngathi ebandleni. Ngathi, "Nansi leyo—leyo—leyo—leyondawo." Ngathi, "Ukhona owaziyo ukuthi iNingizimu Boston ikuphi na?"

<sup>89</sup> Futhi uMfowethu George Wright, nonke niyamazi, wathi, "Mfowethu Branham, kuyi...Ngicabanga ukuthi kusezansi eNingizimu."

<sup>90</sup> Ngakho ngosuku olulandelayo, abangane bami ababili, nomkami, osenguye manje, nendoda nenkosikazi yayo baseTexas. Bona, igama labo kwakunguBrace, uAd Brace. Wakhe ezansi lapha manje, phakathi ezansi kwaseMilltown, umlimi. Wayengumfuyi-zinkomo ngaphandle eNtshonalanga. Futhi wayesesukile lapha ukuba asondele esontweni. Futhi ngangikade ngikhulekele umkakhe, futhi wayekade ephiliswe esimweni sokuba nexhwalala. Futhi ngakho wayefuna ukubona lokhu kwenzeka. Ngathi, "Hamba nami, bese ubona ukuthi akwenzeki yini ngalendlela nje." Ngakho inenekazi lalingakaze liwubone umbono, uNkk.—uNkk. Brace. Ngakho umkami wahamba nami. NoMfowethu Jim Wisheart, ilunga elidala, niyakhumbula, ibandla lapho, umdikoni omdala, wayefuna

ukukubona. Nganginencane nje, imoto endala ngalesosikhathi enamandla elingene abantu ababili, futhi ngabanqwabela bonke phakathi lapho.

<sup>91</sup> Futhi sehlela phansi kweNew Albany. Futhi ngathola lesayini, futhi ngifika ngithola ukuthi, kwakungesiyo iNingizimu Boston. Kwakuyi New Boston. Ngakho-ke angazanga ukuthi ngifanele ngiye kuphi, ngakho ngiyabuya ngenyukela eJeffersonville ngase ngicela omunye. Nomunye waya eposini, bathi, “INingizimu Boston isenhla phezu kwaseHenryville.”

<sup>92</sup> Ngakho nge—ngenyukela eHenryville, futhi ngabuza lapho. Futhi bathi, “Jika ngalomgwaqo. Kwakungamamayela cishe ayishumi nanhlanu, ngemuva phezu kwalamagqunyana *lapha*, uthola indawo encane. Uzofanele uqaphele, uzoyigeja,” wathi, “ngoba yisitolo esisodwa nje esincane. Nesitolo sineposi, yonke enye into, kuso. INingizimu Boston, ngale kulamagqunyana.” Kukhona ama eka ayizinkulungwane eziyishumi nesikhombisa zalawomagqunyana phakathi lapho, niyabo. Futhi lokhu kungale emva kwayo, emagqumeni lapho.

<sup>93</sup> Ngakho saqhubeka, sigibele. Futhi khonamanjalo, ngezwa okungejwayelekile ngempela. Emva kokuba kade ngishayela, amamayela amahlanu noma ayisithupha. Ngezwa okungejwayelekile ngempela. Ngathi, “Angazi.”

Bathi, “Yin’indaba?”

<sup>94</sup> Ngathi, “Ngikholwa ukuthi—ukuthi Lowo okhuluma nami, ufuna ukukhuluma nami, ngakho ngizoyishiya imoto.”

<sup>95</sup> Ngakho ngaphuma emotweni. Nabesifazane behlezi emathangeni abesifazane, niyazi, nakho konke, leyomoto endala enamandla elingene abantu ababili. Futhi ngaphuma emotweni, futhi ngajikela emva kwemoto. Ngase ngikhothamisa ikhanda lami phansi, ngabeka unyawo lwami ebhampini, kwingemuva lemoto. Ngase ngithi, “Baba waseZulwini, Ufuna ukuyazisa ini inceku yaKho na?” Ngase ngikhuleka. Akwenzekanga lutho. Ngalinda imizuzu embalwa. Ngase ngicabanga, “Awu, U...” Ngokuvamile lapho okukhona khona isixuku esinjalo, ngifanele ngibe ngedwa. Futhi ngakho ngalinda imizuzu embalwa.

<sup>96</sup> Kwenzeka ngakhangwa, ngibuka laphaya. Kwenzeka ngacabanga, “Awu, awubheke lapha, nanti lelosonto elidala lisezansi lapha.” Futhi uma uke ube se... YiBunker Hill Church. Ngabuka ngapha kolunye uhlangothi, iBunker Hill Christian Church, futhi kwakukhona amatshe amathuna asemangwabeni, khona impela phambi kwesonto.

<sup>97</sup> Futhi ngaya lapho. Ngathi, “Manje nonke ninazo lezozincwadi.” Angikaze ngibe kulelozwe ngaphambili, empilweni yami. Angikaze ngibe ngaphezulu lapho, nomaphi, empilweni yami. Futhi ngathi, “Thathani lawomagama nezinombolo bese niza lapha, nibone ukuthi akusilo yini lelo

elifanayo kulelitshe lethuna.” Futhi lalilapho, impela nje. Ngathi, “Yilokho-ke. Sisemgwaqeni oyiwo manje.” Ngathi, “Leyo bekuyiNgelosi yeNkosi.” Niyabo, ngedlula ngakuwo ngqo, futhi ngingazi. Ngakho, o, Iphelele.

<sup>98</sup> Futhi ngakho sagibela saqhubeka saqhubeka. Khonamanjalo ngadibana nendoda, futhi ngathi, “Ungangitshela ukuthi iNingizimu Boston ikuphi, mnumzane na?”

<sup>99</sup> Yathi, “Dledlezela uye ngakwesokudla nesokunxele, niyazi, kanjalo kanjalo.” Futhi saqhubeka nje sihamba.

<sup>100</sup> Ngakho emva kwesikhashana, singena, ngaqaphela, ngingena endaweni encane. Futhi yayinesigodi esincane, okufana naso. Futhi nga—ngabheka. Ngathi, “Yiyo. Yiyo, khona laphaya.” Ngathi, “Kukhona i . . . Lapho, naso lesositolo esiphuzi ngaphambili.” Ngathi, “Manje, bhekisisani. Indoda izophuma laphaya, igqoke iovaloli el’hlaza-s’bhakabhaka, imfolvini emhlophe . . . noma ikepisi eliyimfolvini eliphuzi, inamadevu amhlophe, futhi ingitshela ukuthi angiyekuphi. Uma kungenjalo, ngingomkhulu umxoxi wezinganekwane.”

<sup>101</sup> Futhi ngakho bonke babelindle. Nga—ngase ngishayela ngenyuka, phambi kwendawo. Futhi nje kwathi ngisashayela ngenyuka, ngaphambili, kuvele kuphuma indoda egqoke isudu yeovaloli el’hlaza-s’bhakabhaka, nekepisi lemfolvini eliphuzi, namadevu amhlophe. NoNkk. Brace waquleka emotweni, ekubona kufezeka, kanjalo.

Ngathi, “Mnumzane, uzongitshela ukuthi uHarold Nail ukuphi.”

Yathi, “Yebo, mnumzane.” Yathi, “Ngabe wena uqhamuke eNingizimu na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

<sup>102</sup> Yathi, “Sewukwedlulile. Cishe uhhafu wemayela ezansi nomgwaqo, uyajika, umgwaqo wokuqala kwesokunxele. Wenyuke, bese uthola inqolobane enkulu ebomvu, bese ujika ungene kuleyonqolobane ebomvu.” Yathi, “Yindlu yesibili ngakwesokudla sakho, lapho ujika wenyuka ngalowomgwaqo ongathi ngumgwaqana ophaswe yizindlu.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Yathi, “Ngani?”

Ngathi, “Unendodakazi ehluphekile. Akanayo na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane. Unayo.”

<sup>103</sup> Ngathi, “INkosi izoyiphilisa.” Nendoda endala yaqala ukukhala. Niyabo? Yayingazi neze. Futhi ngakho yayibaliwe embukweni. Yayingazi ukuthi kwakwenzekani.

<sup>104</sup> Ngajika. Sathola uNkk. Nail ethe ukuvuseleleka futhi. Futhi senyukela lapho, sahamba sakhuphukela eyadini. Saphuma



emotweni, saqala ukungena. Saqala ukwenyuka endaweni eya e...niyazi, ukuya endaweni lapho okwakukhona. Nentombi eqatha iza emnyango. Ngathi, “Nanso.” Niyabo?

Futhi ngakho yathi, “Sanibona?”

Ngase ngithi, “Sawubona?” Ngathi, “Ngi—nginguMfowethu Bill.”

<sup>105</sup> “O,” yathi, “Ngi—ngi—ngicabangile ukuthi ubunguye.” Yathi, “Uyitholile incwadi yami?”

Ngathi, “Yebo, mem, ngiyitholile.”

Yathi, “NginguNkk. Harold Nail.”

<sup>106</sup> Ngathi, “Awu, ngiyajabula ukukwazi, Nkk. Nail. Futhi leli nje yiqembu elincane engihamba nalo, ukuba ngikhulekele intombazane esencane yakho.”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Ilungiselela ukuphiliswa.”

<sup>107</sup> Wathi, “Ini?” Nezindebe zakhe zaqala ukuvevezela. Waqala ukukhala.

<sup>108</sup> Ngathi, “Yebo, mem.” Futhi a—angazi; angizange ngimmele owesifazane.

<sup>109</sup> Ngaqhubeka ngqo ngehla ngehlo, neqembu lami lingilandela. Ngenkathi ngivula umnyango ngakwesokudla sehholo, elikhulu, elidala, ikhaya lasemaphandleni, ngavula umnyango, kwakukhona iphephandaba eliphuzi...noma amaphepha aphuzi obondeni, izithombe ezibomvu; isayini, “Nkulunkulu busisa ikhaya lethu;” umbhede omdala wephosta; isitofu esiyisihlephu sihlezi ngakwesokunxele sami. Futhi nanto uhlaka oluncinyane luhlezi lapho, nalentombazane ebukeka-samfana ilele kulo.

<sup>110</sup> Manje kukhona okwenzekayo. Ngangisenhla ekhoni lekamelo, ngibhekisisa umzimba wami uya kulowombhede. Ngase ngibeka izandla zami zinquma esiswini sayo, ngayo impela indlela iNkosi eyasho ngayo. Futhi ngenkathi ngenza lokho, ngenkathi uNkk. Nail engena ekamelweni futhi wabona lokho, nanguya ehla phansi endlini, futhi, waquleka. Uwuhlobo lomuntu obuthakathaka, futhi waquleka phansi endlini, futhi. NoMfowethu Nail wayezama ukusebenzana naye. NoMfowethu Jim omdala emi lapho, ethi, “Ayibusiswe iNkosi,” ehlanganise izandla zakhe, uma nonke nanazi ukuthi wayenza kanjani. Futhi ngakho-ke ngakubuka lokho, futhi ngakubona lokho.

<sup>111</sup> Ngase ngibeka izandla zami phezu kwayo, noma ngokunquma esiswini sayo, *kanje*. Ngathi, “Nkosi, ngenza lokhu ngomyalo walokho, engicabanga ukuthi, nguNkulunkulu engitshela ukuba ngikwenze.” Futhi cishe ngalesosikhathi, yaqala ukukhala, futhi yagxuma yaya phezulu.

<sup>112</sup> Futhi bavele nje basukumisa uNkk. Nail ngezinyawo zakhe. Wayesephapheme esihlwathini sokuquleka kwakhe.

<sup>113</sup> Futhi ngenkathi intombazane igxuma isuka embhedeni, nakho kuphakama umlenze wayo wephijama ngasemlenzeni wangakwesokudla, ngayo impela nje indlela okwabonisa ngayo embonweni. Futhi kwakukhona lelodolo eliyimbulunga lentombazane, esikhundleni somfana.

<sup>114</sup> Nakhu kwehla uNkk. Nail, futhi. Niyabo? Waquleka. Lokho kwase kungokwesithathu equleka.

<sup>115</sup> Naleyontombazane yaphuma lapho, kulelokamelo. Futhi yaya ekamelweni layo lokugqokela, ikhala izinyembezi, yase yembatha ingubo yayo eyikimono, yabuya isihamba, ikama izinwele zayo. Neyayo. . .naleyoy crip- . . .Futhi isandla sayo—sayo esisodwa sasikhubazekile, naso, ngakwesokudla. Ikama izinwele zayo ngalesosandla esikhubazekile.

<sup>116</sup> Ishadile, inesigejane sabantwana. Igama layo, angisalazi igama layo ukuthi ubani manje. Kodwa elikaNail, noma ubani anganitshela, uHarold Nail.

<sup>117</sup> Naleyomibono iyiqiniso. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Bengingakubeka lokho bese nginithatha nginiyise kubantu abangenza umqingo wamabhuku ezinto ezinjengalezo eyenzekile. Manje, yiqiniso lelo, Mfowethu Vayle.

<sup>118</sup> Ngiyohluleka; ngingumuntu. Ngiyisehluleki, kwasekuqaleni nje, nombambeli oyisihlupheki esikhulu senceku kaKristu.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

<sup>119</sup> [UMfowethu Vayle uthi, “Ngipelishe uMerrell?”] M-e-r-r-e, o l ababili. [“Bengicabanga ukuthi bekuyilo phansi lapho. Yebo.”] Ngabe yilawo kuphela elikhona, lawa manje na? [“Nail kwakungu N-e-i-l?”] N-a-i-l. [“Brace, B-r-a-c-e?”] B-r-a-c-e, Ad, Ad Brace. [“Manje ngicabanga ukuthi sengiwathole onke. Kancane nje. UGraham Shelling?”] UGraham, G-r-a-h-a-m. [“Lowo ngu ‘n’ lapho.”] S-n-e, o l ababili, i-n-g. [“O, Snelling.”] Manje silitholile.



*IMIBONO KAWILLIAM BRANHAM* ZUL60-0930  
(Visions Of William Branham)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeLwesihlanu ukudla kwasekuseni, ngo Septemba 30, 1960, Campaign Office, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2000 ngabe:

ZULU

©2000 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)